

ASI989 â\200\224 Âçy â\200\224 o _ i@

FLEELEE LR AR EE L E LR EERE LR LA R EEELEEEEL LI EEEEELEEELELETERL

INKATHA YENKULULEKO YESIZWE
KGARE YA TOKOLOHO YA SETJJABA

UMHLANGANO WOMGWAMANDA

hiLLÂ£Â£Â£LLÂ£LLLLÂ£Â£LÂ£LLÂ£Â£Â£LL

FEEEEEEEEEEEEEEEEEEEEEEEEEEEEEE B

EEEEEELEELERER IR E LR R R ELEE AR P ELLELELE LR ER LR EEEALEEELELEE

wEEEEEEEE

Frrp

JIVALIWE IZE IKHULUNYWE/

INKATHA YENKULULEKO YESIZWE
KGARE YA TOKOLOHO YA SETJHABA

UMHLANGANO WOMGWAMANDA

IZIBINGELELO ZOMENGAMELI

â\200\224--â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224_â\200\224â\200\224-â\200\224â\200
\224â\200\224â\200\224â\200\224-â\200\224--â\200\224-â\200\224â\200\224-â\200\224-â\200\224
-â\200\224_â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200
\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224-â\200\224--â
\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224-â\200\224â\200\224â\200\224----

-â\200\224â\200\224aâ\200\224-â\200\224â\200\224-â\200\224-â\200\224--â\200\224â\200\224-â
\200\224-â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224-â\200\224-â\200\224-â\200\224â\200\224â
\200\224â\200\224-â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224-â\200\224â\200\224â\200\224-â\200\224â\200
\224-â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224-â\200\224â\200\224â\200\224â
\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224â\200\224-â\200\224-

BO-COMRADE, NGIYATHOKOZA KINI NONKE NGOKUPHUMELELA KWENU
UKUBALAPHA NAMHLANJE. INKATHA IYILOKHU EYIKHO NGENXA YOKUBA
Y@LEKELELWA VINI UKUYENZA IBE YILOKHU EYIKHO . NIYINGXENYE
YENHLANGANISELA YEZINTO EZIDALA INKATHA NJENGOMUNYE
WEMIKHAKHA YOKUBONISANA EPHAKATHI NENDAWO ENINGIZIMU NE-
AFRIKA NAMHLANJE. SEKUTHATHE ISHUMI LEMINYAKA INKATHA YAKHIWA
NGEMUVA KOKUBA SAHLANGANA SK?ISUNGULAo_NJENGENHLANGANO .
KUBEYISHUMI LEMINYAKA YOKUSABALALISA UMOYA WENKATHA NOKUNWEBA .

IZINDAWO INKATHA~ EFINYELELA __ KUZOâ\200\224 NGAPHESHEYA â\200\224KWESIBALO
ESIKHULAYO SEZITHIYO.

NXA SIBONA YOHLELO LOKWENZEKAYO,
SIYABONA UKUTHIâ\200\224 KUFANELE _SIZITHATHE NJENGABANTUABANENHLAHLA
YETHUBA < LOKUBA â\200\224 NGAKULOKHO __. OKUYUHLANGOTHI â\200\224 OLUQOTHO
NOLUFANELEYQ -LOMBUSAZWE . SIMI ENDAWENI ENETHEMBA ELIKhULU
LEMPUMELELO ~â\200\224â\200\224ENKUNDLENI ____ _YOKUBONISANA . SEKUYINTO
ESIYIJWAYELEYO-UKUBONISANA . SAKHIWE NGENDLELA ELUNGISELWE
UKUBONISANA KANTIâ\200\224 FUTHIL- NGOLWAZIâ\200\224 LWETHU-â\200\224ESESILUBUTHILEYO,
SINGAKWAZI-UKUNIKEZA IZWI_LABANTU_ AMANDLA.

)

/4;LEOVNALELOLUNGk~LOMGWAMANDA_KUFANELE_LINGIZWE,NXA NGITHI
YONKE INTO ESIYENZAYO MANJE KUFANELE YENZIWE KUPHELA NGEMUVA
KOKUYIBEKAâ\200\224 PHEZU. KWESISEKELO â\200\224ESIBANZI-â\200\224_ SOKWEMUKELAâ\200\224 UK
UTHI
LOKHO ESIKWENZA_ MANJE. KUCACISA_IZINGAâ\200\224ESINGAPHUMELELA -NGALO
UKUSEBENZIISA HLWAZI-â\200\234%ETHU ESESILUBUTHILE@;TNGENDLELA EYOBA

/}DSIZO.

KUFANELE SIKUBONE NGENDLELA ECACE KAHLE UKUBONISANA
OKUSASIHLELELEYO .~ SIYIQONDE â\200\224XKAHLE _FUTHI NEMIMOYA EYOBE
ISEBENZA â\200\224KULOKHO_- KUBONISANA . SIYAZI UKUTHI UKUBONISANA
OKUSASIHLELELEYO â\200\224 KUYINTO,â\200\224 ENGENAKUGWENYWA . KUYINTO
ENGENAKWENZEKA â\200\224 MANJE â\200\224 NGOKWEZOMBUSAZWE-ftUKUBA__.UHULUMENI
WASENINGIZIMU NE-AFRIKAâ\200\224APHUNYULE-EKUBONISANENI.

YIKUQUNJWA.../2

o i

YIKUQUNJWA PHANSL- KUKAHULUMENI â\200\224YIQEMBU LE-CONSERVATIVE PARTY
NOMA â\200\224 MHLAWUMBE â\200\224 YUHLANGOTHI __ OLUNGAKWESOKUDLA â\200\224 OLUVUNA
UBANDLULULO â\200\224 KWEZEMPI = OKUNGASE .â\200\224 KUPHAMBANE â\200\224â\200\224 NEZINHLO
SO
ESEZIMENYEZELWEÂ®)UHULUMENI WASENINGIZIMUâ\200\224 NE-AFRIKA__ZOKUDALA
UGUQUKO . UMNU . F .W . DE KLERK AKAKWAZI UKUHLEHLA
KULEZIZINHLOÂ\$6Â\$ DLULE APHEPHE NGOKWEZOMBUSAZWE.

KUFANELE SIBHEKE PHAMBILI ESIMENI SOKUBONISANA SIKWAZI UKUTHI
ABANTU ABAMNYAMA BASENINGIZIMU NE-AFRIKA BABONA UBANDLULULO
SELUFANA NENHLANZI â\200\224ESHELWE NGAMANZI â\200\224NGAKHO â\200\224BAFUNA IKHAMBI
LOMBUSAZWEâ\200\224LOKULUNGISA IKUSASA LALELIZWE . OKWENZA UKUKHULA
KOKUZINIKELA KWABAMNYAMA - NABAMHLOPHEâ\200\224EKUBONISANENI-NGEKUSASA
ELYNGCONO _KITHI â\200\224~SONKE , KUBE â\200\224YINTOâ\200\224 EMQOKAâ\200\224~ KANGAKA YI
KUTHI
INGXENYE ENKULU - YALOKHU â\200\224 KUZINIKELA â\200\224~ ISUKELA ESIDINGWENI
ESISIZWAYO â\200\224 SOKWENZA â\200\224OKUTHILE __. MANJE _ UKUGWEMA â\200\224 UHLOBO
LOKUGQOLOZELANA KOKUGCINA LAPHO ABAMNYAMA NABAMHLOPHE
BESEBENZELA KHONA _UKUDALA â\200\224ISIMOâ\200\224 LAPHOâ\200\224 OLUNYEâ\200\224 UHLANGOTH
I
LUYOPHOEKA KHONA-UKUBAâ\200\224LUCOLE~UMALUSHU. NXA KWENZEKA LOKHO
KUYOPHETHA NGOKUBA SISALE SINGENALUTHO NGEMUVA KOKUBA UHLELO
OLULODWA LOKUCEKELA YONKE INTO PHANSI ~SELUTHOLENE -PHEZULU
NOLUNYE UHLELO LOKUCEKELA YONKE INTO PHANSI.

UKUBONISANA . OKUSASIHLELEYQO â\200\224 KUYIKUOBONIZANA KWALABO

ABANGAKANQOTSHWA NABANGAKAMCELI, i-\202MizUSHU. NGEKE THINA SIBE
NESIMO â\200\224â\200\224 SEZINGXOXO â\200\224 ZOHLOBO __ LWEZINGXOXO _â\200\224 EZABANJWA
NGABASEZIMBABWE E-LANCASTER HOUSE . NGEKE KOUBEKHONA UKUBUYA
KWABASEKUDINGISWENI- BAZOTHATHA â\200\224UHULUMENI . NGEKEâ\200\224KUBEKHONA
OKUFANAâ\200\224~ NOKULAWULA- KWABEZEMPI- PHEZU â\200\224KUKAHULUMENI-OSINGETHWE
NGABANTU ABANGEBONA ABEZEMFI._ OKUYOHOLELA â\200\224EMBUSWENI- WEQEMRU

ELILODWA.)

o AAKUKHO _LUTHO â\200\224OLUNGENZIWAâ\200\224 YINOMA__ YIMUPHI â\200\224UMHOLI NOMA
INHLANGANO â\200\224 YOKUVUKELWA â\200\224 KOMBUSO â\200\224UKUGUQULA â\200\224ISIMO- UMLAN
DO

WASENINGIZIMU NE-AFRIKA OSUVELE USIDALILE OZOKWAKHELA PHEZU
KWASO ~ UMBUSAZWE â\200\224WOKUBONISANA . SIMATASATASA NJENGAMANJE
SIBHEKA UKUTHI NGOBANI ABAYOBA KULESOSIGCAWUâ\200\224NOKUTHI BAYOBE
BETHWELE ISISINDO ESINGAKANANL~SEMIBON?DNXA_BEFINYELELA
LAPHO.

;?%;YIKHO INTO ENGASE IFAKAZELE LOKHU UKWEDLULA UQINGIPHOTHWE

WABAHOLI BE-ANC ABASEKUDINGISWENI- BAHAMBA LAPHA ENINGIZIMU
NE-AFRIKA BENETHEMBA LOKUSUNGULELA UMZABALAZO WOMUNTU OMNYAMA
WASENINGIZIMU NE-AFRIKA _UBUDLELWANE â\200\224NAMANYE _AMAZWE KANYE
NOKUSEKELWA NGCKOMOYA _â\200\224NOKUSEKELWA â\200\224 NGEZINTO - EZITHINTWA

e NGEZANDLA. BASHAQEKA NXA -BEFUMANA- UKUTHI-UMHLABA-UYUGWADUGLE
KAWUBAPHATHELEâ\200\224 LUTHO . UMNU . OLIVER TAMBO WASEBENZA
WAYIDABULA YONKE I-AFRIKA EZAMA UKUSUNGULA ISIKHDNGO
SOKUSEKELA UMZABALAZO ENDAWENI ETHILE, NOMA YIKUPHI,

EQINISWENI.../3

EQINISWENI KWAZE KWABA YILAPHO EFINYELELA KHONA EGIBHITHE
LAPHO â\200\224AZE. - AFUMANA __UKUHLABA - KHONA â\200\224IKHEFU__ WAKWALI-URKUSUKELA
UMSEBENZI~WOKUSUNGULAâ\200\224ISIKHUNGQDSASEKUDINGISWENI. |

IMINYAKA â\200\224 YOKUQALA â\200\224 YABADALELA URUDIDEKA . OKUKHULU
ABABESEKUDINGISWENI . LABO ABATHUNYELWA PHESHEYA BABENGWONA
AMAVUKELA--MBUSO <EZEMPI . BABEYUHLOBO OLUDALA LWABAPHATHI
NABAHOLI BE-ANC. KEPHA BAYA EKUDINGISWENI NGESIKHATHI LAPHO
WAWUSUFINYELELA â\200\224 KHONA â\200\224â\200\224 ESIGQONGWENI_ â\200\224 SAWO â\200\224 U
MKHANKACO
WAMARASHIYA â\200\224 WOKUCHAMUSELA â\200\224URKUVEKELWA_ KWEMIBUSOâ\200\224 EMAZWENI
OMHLABA ONGAKATHUTHUKI. NGENXA YOKUBA KWAKUNGERKHO URUSEKELWA
OKUVELA â\200\224 ENTSHONALANGA â\200\224 I-ANC â\200\224 YAPHETHA â\200\224NGOKUGUQUKELA
KWELASERASHIYA UKUZE IFUMANE UKUSEKELWA UKUSEKELWA LOKHU
BAKUFUMANA NJENGOSIZO EKUVUKELWENI-KOMBUSO.

///;MNU. JOE SLOVO OYINHLOKO YEQEMBU LAMAKHOMANISI LASENINGIZIMOD

NE-AFRIKA (SOUTH AFRICAN COMMUNIST PARTY) WAYESEKHALENI
LOKUTHUNGATHA USIZO LWAMARASHIYA FUTHI UQOSHWE PHANSI LAPHO
EKUSHO KHONA OBALA URKUTHI I-ANC YAGUQUKELA _EMZABALAZWENI
WEZIKHALI NGEMUVA KWEMINYAKA _ ISUKILE _-KUOULELI _ YAYA
ERUDINGISWENI . KUSUKELA LAPHO KWAKRUNGASEXKHO UKUBUYELA EMUVA
EKUTHUTHUKENI KWE-ANC IZE.IFINYELELE KULOKHO EYABE ISIYIKHO
NGO-18813.

KUSUKELA EMINYAKENI EPHAKATHI NAWO-1960 KUZE KUYOFINYELELA
KO-1976 I-ANC YAYIMI EKUTHENI-__UMZABALAZOâ\200\224WEZIKHALIâ\200\224YIWONA
OYINDLELAâ\200\224EPHAMBILI â\200\224YOKUXKHULULAâ\200\224ININGIZIMU NE-AFRIKA-NOKUTHI
NOMAYIKUPHL,UKUNGENA~KWENHLANGANQ_EKUPHIKISWENIÂ«KWENINGIZIMU
NE-AFRIKA â\200\224 NGENDLELA __ YOKUTHULA -â\200\224â\200\224 YENTANDO â\200\224 YABANTU
KWAKUYONYUNDELA UMZABALAZ&;%EZIK&ALI.

NJALO â\200\224NJE NXA â\200\224 BEBUZWA â\200\224 NGOKUBONISANA _NGOKWEZOMBUSAZWE,
BABEGCIZELELA UMZABALAZO WEZIKHALI, FUTHI KWABA YIMINYAKA
EMININGI I-ANC IMIâ\200\224 EKUTHENI â\200\224 OKUYIKUPHELAâ\200\224~ KOKUBONISANA
OKUNETHUBA YIXKUBONISANA LAPHO UHULUMENI WASENINGIZIMU NE-
AFRIKAâ\200\224EDLULISELAâ\200\224 KUBOâ\200\224AMANDLA â\200\224OKUNQUMA â\200\224KUPHELA
. I-ANC
YAYIZINIKELEâ\200\224EMBUSAZWENI â\200\224OWAWUYODALAâ\200\224UMNQOB f&&Ã©NQOTSHWAYO.
YAYIZINIKELE EMASWINI OKUNQOBA UTHATHE â\200\224KONKE â\200\234NOMA UNQOTSHWE
ULAHRLKELWE YIKHOKONKE~-_FUTHI YAYIZINIKELE EKUBUYELENI
ENINGIZIMU NE-AFRIKAâ\200\224NJENGOHULUMENI Â©OBUYELAâ\200\224 EKHAYA _ EVELA
EKUDINGISWENI. :

Qe o

,/CQOMA NGABE I-ANC â\200\224 ITHINI -~ MANJE, YIKHO .â\200\224LOKHU â\200\224ABEBEYIKHO
// ESIKHATHINL ESEZDLULE . UKUTHI KWEHLUKE KANGAKANANI MANJE

YINTO ESISAZOYIBONRA. ASEMANINGI AMAZWI, KUNINGI NOKUQINISA
OSEKWENZIWA MANJE OKUTHI SELOKHU KWATHI NHLO I-ANC IFUNA
KUBONISWANE NGEKUSASA NJENGEKHAMBI LOKWELAPHA IZINKINGA
ZENINGIZIMU NE-AFRIKA. KAKULONA NEZE IQINISO LOKHU. I-ANC
ISIBHEKENE NESIMO ESIYISO SOKUTHI UKUBONISANA KUYINTO

ENGASENAKUGWENYWA.../4

iy

ENGASENAKUGWENYWAâ\200\224UKUTHI,KUYINTO EZOKWENZEKA FUTHI.,BABHEKENE
NESIMO ESINGENAKUGWENYWAâ\200\224 SOKUTHI â\200\224 NXA â\200\224UKUBONISAN KWENZEKA
NOKUTHI NXA BONA BENGEKHO LAPHO, ININGIZIMU NE-AFRIKA
IYOBUNJWA KABUSHA -NGAPHANDLE -KWABO.

SEBEYAHLEHLA -MANJEâ\200\224BENZA SENGATHI~ISIKHATHI. ESEDLULE KASISONA
ISIKIIIATHI ESEDLULE KEPHA KUZE KUBE YAMANJE BEBENGAKASINIKEZI
UBUFAKAZIâ\200\224 BEMPELA â\200\224 BOKUFANELEKA . KWABO .â\200\224UKUHLANGANYELA
EKUBONISANENI. BAYAQHUBEKA NOKUGCIZELELA ISIDINGO SOKUQINISA

NOKUKHULISA UMZABALAZO -WEZIKHALI. BAYAQHUBEKA NOKUGCIZELELA
UKUJEZISWA KWENINGIZIMU NE-AFRIKAâ\200\224NGOKUYIKHIPHA â\200\224INYUMBAZANA
NGENDLELA~ EYOTHUTHUKISA_UMZABALAZOâ\204ç WEZIKHALI . BAYAQHUBEKA
NOKUSEKELA UMBUSAZWE WOKUGQOLOZELANA â\200\224NGEЗИQU. ZAMEHLO
ENINGIZIMU NE-AFRIKA OZODALA IMIHLATHI EPHAMBENEYO NOMBUSAZWE
WOKUIBONISANA. 5

//ï¬\201g;AKHANYA-KE UKOTHI â\200\224 KAWUKWAZIâ\200\224 UKUBAâ\200\224 NGASOHLANGOTHINI
7 OLULODWA UNPOME UKUBONISANA . NJENGENDLELAâ\200\224â\200\224 EPHAMBILI
YOKUXAZULU TZINKINGA ZENINGIZIMU NE-AFRIKA #BESE NGAKOLUNYE
UHLANGOTHIâ\200\231JGUYHULISA â\200\224INDLUZULA, UKHULISA â\200\224 UKUGQOLOZELANA
NGEЗИQU â\200\224 ZAMEHLD _ NGENDLELA _ ENYUNDELA___ AMATHUBA OKUSUKUMA
KORUBONISANA, NOMA USEBENZELE UKWEHLISA IZINGA LALABO
ABAZIMIGSELE NGOKUBONISANADFEZINGAâ\200\230LENKUNDLAâ\200\224XDKUBONISANA.

â\200\230///;-COMRADE, NGIFUNA UKUBA NINGIBEXKEZELELE, KUGCINENI

(/ EMIQONDWENI LOKHU EBENGIKUSHO AMEHLA ENO NIWABHEKISE

. NGAKOLUNYE UHLANGOTHI LWESIMO. EMINYAKENI EMININGI NGEMUOVA
KOKUBA I-ANC IYE EKUDINGISWENI â\200\224 NGOKOKUQALA, _ YAYINGENAKHO
UKUSEBENZELANA NANOMA IYIPHI ENYE INHLANGANO EMNYAMA NGALOKHO
NGISHO UKUSEBENZELANA NANOMA IYIPHI) INHLANGANO EMNYAMA .
YAZIBEKA NGAPHEZU KWAZOZONKE TIZINHLANGANO, KWATHI EMASWINI
EYAYIWASEBENZISA YATHATHEKA KAKHUL@YIKWEHLISA I-PAC IYENZA
INHLANGANO ENGENASIKHUNDLA NENGENAMAZINYO. NALA I-OAU0 KANYE
NENHLANGANO YEZIZWE ZAZIZIHLONIPHA ZOMBILI I-PAC NE-ANC, I-
ANC 7TASEBENZA KANZ IMA IBEK2A ISITHOMBE SOKUBA ' g%
EYINHLANGANG YABAMNYAMA YEZOMBUSAZWE, YIYO EHOLAY UMZABALAZO .
BAZITHATHELA UMZABALAZO-â\200\224BAWENZA _OWABO - UMZABihAZO WE-ANC
BAZITHUNGATHELA UKUNQOBA KWABkavv%@ wi@wuyâ\200\230, < â\200\224 b\

///WABE)Qâ\200\230SEKUBHEDUKA U-197Â¢ . WASAPHAKELA â\200\224EBUSWENI BABO

{/ NJENGERHOMU - ABABENGALILINDELE _ NGISHO NANGALEYONKATHI
BABENGAFUNI UKUSEBENZELANA NEZINHLANGANOâ\200\224EZIMNYAMA. I-BLACK
PEOPLE'S CONVENTION YOMNU . STEVE BIKO YAYIFUNA UKUDALA
UBUDLELWANE NE-ANC NOSTEVE BIKO EFUNA UKUBONANA NOMNO .
OLIVER TAMBO UMND . TAMBO WATHI QHA@ NE-AKRC YATHI QHA@.
KUNENDABA EYISHWA NGEMUVA KWENYE INDABA EYISHWA EYABHALWA
YIZINYAWO ZALAWO MABHUNGU NEZINTOKAZI EZABALEKA ENINGIZIMU

NE-AFRIKA.../b

a8

NE-AFRIKA NGEMUVA KUKA-1976 ZIYOTHUNGATHA ISIKHUNGO
SOBUDLELWANE BE-BLACK CONSCIOUSNESS NE-PAC KANYE NANOMA YINI
ENYE NGAPHANDLE KWE-ANC E-AFRIKA . BAXINWA YONKE INDAWO
OHLELWENI OLUNONYA â\200\224 LOKUBAFAKA - NGAPHANSI - KWE-ANC NOMA
LOKUBABHIDLIZA. I j7

KUNEZIMPILO ZENTSHA ESEZABHIDLIKA KUWOWONKE AMAGUMBI E-AFRIKA
NGENXA YOKUBA I-ANC YENZA UKUBA IMPILO IBE-â\200\224NZIMA -KAKHULU
KULENTSHA.

I-BLACK CONSCIOUSNESS â\200\224MOVEMENT â\200\224YENZA IPHUTHAZ/EMASWINI

NASEMAQHINGENI AYOâ\200\224BACHITHA-AMANDLA_ABO_ EMAKHONENI -EZITALADI
KEPHA INKATHA, EYADALWA IZIMO EZIFANAYO NALEZO EZADALA
I-BLACK CONSCIOUSNESS MOVEMENT._ EMINYAKENI ENGASEKUQALENI
KWAWO ~1970,fYAQAL(rUKUKHULA.

INKATHA YAYIFUNA UKUBA NOBUDLELWANE NE-ANCâ\200\224NJENGABAFOWABO
ABASEKUDINGISWENI . SASIFUNA UKUBA IMISEBENZI â\200\224YETHU

SW{LEKELELANE ~â\200\224 NGAKHOKONKE ____ OKUSEMANDLENI â\200\224 _ LAPHO

AYINOKULEKELELANA â\200\224 KHONA _EZINDAWENI- ESASINOKWENZA IZINTO
NDAWONYE . KEPHA I-ANC YAYIZIMISELE -NGOKUSHWABADELAâ\200\224-INKATHA.
NGEMUVA KOKUBA IZITHUONYWA ZAMI SEZEHLE ZENYUKA IZIKHATHI
EZININGI, KWENZIWA IZIPHAKAMISO ZOKUBA INKATHA IFUMANE USIZO
LWEMALI ENINGI NGESANDLA SALOKHO OKWAKWAZIWA NGALEYONKATHI
NJENGE-INTERNATIONAL OUNIVERSITY EXCHANGE FUND E-GENEVA .

NGABA NAMAXOXO NE-IUEF E-GENEVA NGACACISELWA KAHLE UKUTHI
KUYODINGEKA UKUBA NGIFAKE INKATHA NGAPHANSI KWEZAKHIWO
EZILAWULWA YI-ANC OKUZE SIFUMANEâ\200\234i-~\202SIZO~LWEZIMALI%Y&?i-~\201i-~\201iTHA
YAYINGAKAZE _IBE _ SEKHWAPHENI â\200\224 LENGALO YANOMA - NGUBANI
OZOYILAWULA AYITSHENE OUKUTHI_ KUFANELE_YENZENI. NGATHI QHAE?
NGIYABONGA KAKHULU. NGABUYELA EKHAYA _NGINGAPHETHE LUTHO_ KEPHA
NGIZIQHENYA KAKHUL&.

KWABE SEKUBA NOMHLANGANGO NE-ANC OWAPHUNZAYO~â\200\224NGO-1979
ELONDON . KWABA NGENXA YOKUBA SINGAVUMANGA UKUBA BASIGWINYE
LAPHO â\200\224SAFINYELELA KHONA LAPHO I-ANC YASIPHENDUKELA KHONA
YAZIKHIPHA ZONKE IZIBHAMU ZAYO ILWA NENKATHA BAFUNGA UKUTHI
NXA BENGENAKUSIGWINYA,>BAZOSIBHIDLIZArBASICHOBE~SIPHELE~NYAM

KUSUKELA NGO-1979 BEKUYILEYO INHLOSO FUTHI -IFSISHIYEâ\200\224HUMZIZIMA
OMKHULUKAZI OKUNGEKHO MUNTUO PHAKATHI KWETHU _ONGAFISA UKUBA
UPHELE UBUSUYAPHELA â\200\224NJALO, FUTHI LESISIBAZI SIYISIBAZI
ESINGATHI NXA SIPHUMELELE â\200\224â\200\224UKUSESULAâ\200\224 SIBEKEKEâ\200\224 ENGOZINI
ENGASIBHUBHISA -NOKUSIBHUBHISA.

KANGIKHULUMI NGAWO AMASHUMI EMINYAKA EDLULE NOMA IMINYAKA
EMININGI EDLULE NOMA NGISHO NEZINYANGA EZIYISITHUPHA NJE

EZIDLULE.../6

B

EZIDLULE NXA NGITHI I-ANC ISAZIMISELE NGOKUBHIDLIZA INKATHA.
KHONA IZOLO LOCKHU NGO-JUNI KUWO LONYAKA, N@OMHLAKA-22 KUJUNI
1989 NXA NGIZOSHO USUKU N%O; UMNUu%WTi~\202bBOi~\201uÃ@EKI WADALULA
UKUCABANGA KWE -ANC ENGQ)UTH ENI Â° m?SEBAMAPHEPHANDABA
E-COPENHAGEN . WAQALA NGOKWETHULA UMBONO OYINKOHLISO
NGOKUDABUKISAYO WE~-ANC OKUSELOKHU KWATHI NHLO IFUNA
UKUBONISANA . WATHI "SELOKHU KWATHI NHLO KUNGUMGOMO WE-ANC
UKUTHI IKHAMB I ELINGCONO KUNAWOWONKE KULOKHUKUNQUBUZANA
(OKUSHO UKUNGQUBUZANA KWASENINGIZIMU NE-AFRIKA) YIKUXAZULULWA
KOKUNGQUBUZANA NGEKHAMB I LOMBUSAZWE. SEKONAMASHUMI EMINYAKA
SIKUSHO LOKHU . EQINISWENI AKEKHO UNDUNANKULU WOMBUSO

WASENINGIZIMU NE-AFRIKA ONGAKAZE AFUMANE INCWADI EVELA KU-

ANC, KANIHLALI NGANI PHANSI NIBONISANE ___ NGOKUXAZULULA
LENKINGA."

KWATHI LAPHO EBUZWA NGAMI UMNU . MBEKI WATHI : "NJENGAMANYE
AMAKHOSI EZABELO, UGATSHA BUTHELEZI UYINKOSI YESABELO."

WATHI : "EKUPHELENI KWENYANGA UFUMANA IHOLO ELIVELA EPITOLI.
IMISEBENZI YANSUKUZONKE AYENZAYO YIKUPHATHA ISIGABA SOHLELO

LOBANDLULULC LWASENINGIZIMU NE-AFRIKA NJENGENHLOKO YESABELO
SAKW2AZULU."

UYASUKA LAPHO UBA NESIBINDI SOKUTHI KUFANELE NGENZE IZINTO
EZINGICACISA NJENGOMUNTU ONGASOHLANGOTHINI LWAKHE HHAYI

OHLANGOTHINI LUKA DE KLERK.

WATHI : "UBUTHELEZI AKAKAZE ABE NGUMHOLI WEZIGIDI
EZIYISITHUPHA, ISIKHOMBISA, ISISHIYAGALOMBILI Â€ ABANTU
BAKWAZULU BANENGONYAMA . NXA UBUKA IZINHLELO ZOKUDABUKA
ZABANTU BAKWAZULU, YINGONYAMA KAZULU ENGASHO NXA TIKHULUMA
ULIMI LOKUDABUKA ITHI 'NGINGUMHOLI WAMAZULU ANGAKA.' "

"UBUTHELEZI UYINKOSI ENCANE NJE." YIKHO LOKHU AKUSHOYO.

WATHI : "UBUTHELEZI AKAKAZE AKHETHWE YIMUNTU UKUBA
NGUNDUNANKULU WESABELO SAKWAZULU."

WATHI:" WABEKWA YIPITOLI."

WATHI: "WABEKWA YIPITOLI, WAMISWA LAPHAYA WABIZWA
NGONDUNANKULU. UYAKHOKHELWA EKUPHELENI KWENYANGA, UHLINZEKWA
NGEMOTO YOHLOBO LWEMERCEDES BENZ. UKUBA AHAMBE NGAYOâ\200\224YONKE
INDAWO NAYOYONKE INDAWO NAKHO KONKE LOKHO . "

UYAPHINDA UTHI: â\200\234KEPHA NGITHI INDAWO YAKHE NEZENZO ZAKHE
ZIMCHAZA NJENGEXENYE YOHLELO LUKA-DE KLERK LOKUPHATHA

NGAPHANDLE.../7

iy #9S

NGAPHANDLE KOKUBA ENZE NGENDLELA ENTSHA EMCACISAYQ."
O\t Yoo "y ammae.

LONAANGUMUNTU ABATHI ANGAMELA I-ANC NXA KUNGABA NOMHLANGANO
WOKUTHULA PHAKATHI KWENKATHA/ANC /COSATU/UDF MANJE NJENGOBA
UMNU . OLIVER TAMBO EGULA . AMAZWI AWETHULA E-COPENHAGEN
ANGAMAZWI ABONAKALA ENENHLOSO YOKUBHIDLIZA IZINGXOXO
ZOKUTHULA NGABOMU NOKUQEDA ITHUBA LOKUBA KUBEKHONA
ENGIZIHLANGANISA NGAKHO NAZO.

%JENGOBA NGIKE NGASHO NGASEKUQALENI, KASIKWAZI UKUKUSHANELA
SIKWENZE KUSHABALALE NGOKUFISA KWETHU NJE LOKHO OSEKWENZEKA
FUCTHI KUNGABA YINGOZI ENRKULU UKUNGAKUBHEKI LOKHO OKWENZEKAYO
MANJE NOKUNGAKWEMUKELI UKUTHI KUNOKWENZEKA-â\200\224UKUBA -ISIKHATHI
ASIDLULE-SIYAQHUBEKA- STYONGENA- KULESISIKHATHI - SAMANJE . BO-
COMRADE NGOKWEZOMBUSAZWE KUKHONA UKUQHUBEKA EMKHANKASWENI WE-
ANC WOMBUSAZWE WOKUZIFUMANELA UKUKHOLAKALA NJENGOMBUTHO
WABAMNYAMA WENKULULEKO OKUYIWONAâ\200\224WONA-LAPHAYA EKHALENI-â\200\224OHOLA
WONKE.â\200\224 UMZABALAZO 5 NOBHALA UMLANDO_â\200\224 UWODWA . NGENKATHI
BENGAKWAZI UKUFEZA LUTHO NGOKWABO OKWAZE KWATHI NGO-1976
ABANTU ABAMNYAMA BASENINGIZIMU NE-AFRIKA EKHAYA BABAKHOMBISA
UKUTHI BAZOBADICILELA PHANSI, BAZAMA UKUSEBENZELANA NENKATHA
NOKUSEBENZISA INKATHA NJENGODONDOLO>â\200\224ABADONDOLCZELA - NGALO

LAPHA NGAPHAKATHI . KWATHI NXA BEHLULEKA UKUKWENZA LOKHO,
BAPHENDUKELA EKUYIBHIDLIZENI INKATHA.

OKOKUQALA, BABESABA LOKHO ABABEKUBIZA NGOKUDALEKA KOMKHAKHA
WESITHATHU . INKATHA BABEYIBONA NJENGALOMKHAKHA YINGAKHO NJE
BAZAMA UKUYIBHIDLIZA . KWATHI NXA KUCACA UKUTHI NGEKE
BAPHUMELELE NOKUTHI AMANDLA ENKATHA AYAKHULA NXA ELINGANISWA
NEZINGA ABABEYIHLASELA NGALO, I-ANC YAPHENDUKELA EKUSUNGULENI
I-UDF OKOKUQALA YALANDELISA NGE-COSATU NJENGEMIKHAKHA
YANGAPHAKATHI ESEBENZA NGOKUBAMBISANA NABO.

KUNGUBUTHUTHA OBUSOBALA UKUBA I~-UDF NE-COSATU BAQHUBEKE
NOKUPHIKA UKUTHI I-ANC,I-UDF NE~COSATU BAYIZINHLANGOTHI
EZINTATHU ZOMKHANKASO OWODWA WOKUBHIDLIZA INKATHA . I-UDF
KABAKAZE BAKUCHAZE UKUTHI YISIPHI ISIZATHU ESABENZA UKUBA
EKUSUNGULWENI KWAYO I-UDF EKIBHITHAWINF?}BATHI BAYOKWEMUKELA
UKUNGENA KWANOMA IYIPHI ENYE INHLANGANO NGAPHANDLE KWENKATHA.
UMN . ELIJAH BARAYI UMENGAMELI WE-COSATU AKAKAZE AKUCHAZE
UKUTHI WAYENGIHLASELELANI MINA KANYE NENKATHA NGESIHLUKU
ESINGAKA EKUSUNGULWENI KWE-COSATU EZINKUNDLENI ZEMIDLALO E-
KINGS-PARK, NANGEZINYE IZIKHATHI EZININGI EZILANDELA LESO .
NGALESO NALESO SIKHATHI NGIKHETHWA TIPHELA EMASINI MINA
NGELIWE NGOKUHLASELWA NGESIHLUKU SENGATHI NGIBONAKALA
NJENGESITHA SEZOMBUSAZWE ESIZEDLULA ZONKE - ESEDLULA NGISHO
NOHULUMENI WASENINGIZIMU NE-AFRIKA IMBALA.

KUPHEZU.../8

â\200\234f

KUPHEZU KWALENGQIKITHI-KE ENGIPHAKAMISA KUYO UDABA LWESIBALO
SEZITHUNYWA OKWAPHAKANYISWA UKUBA 7IHAMBELE = UMHLANGANO
WORUTHUOLA PHAKATHI KWENKATHA I-UDF NE-COSATU . UDABA
ENGAKHULUMA NGALO NGOLOKUTHI NGOKWESIMO SEMPELA SEZOMBUSAZWE
LOKHU KUYIKUHLANGANA KWENKATHA NALOKHO EMPELENI OKUYINTO
EYODWA - INTO EYI-ANC/UDF/COSATU.

UNOBHALA-JIKELELE WETHU NOSIHLALO WOMHLAHLANDLELA BAHLANGANA
NODOKOTELA MJI NOMNU . ERWIL NGOLWESINE KULO LELIVIKI .
BABAZISE . UDOKOTELA DHLOMO UKUTHI BAFISA UKUBONANA NEZITHUNYWA
7ENKATHA NGOBA BANOHLELO ABAKHOLWA YIKUTHI LUNGENELISA
UKUKHATHAZEKA KWENKATHA "NGESIBALO SEZITHUNYWA EZEHLUKENEYO."

UDOKOTELA DHLOMO NODOKOTELA MDLALOSE BABONANA NODOKOTELA

MJI NOMNU . ERWIBY UNOBHALA-JIKELELE WABE ESEDLULISELA
LESIIPHAKAMISO KIMI NGOMNU . A . NGEMA. INCWADI KADOKOTELA
DHLOMO IFUNDEKA KANJE:

KU: MNU. AMOS NGEMA
EHHOVISI LIKANDUNANKULU

FEX NO. 0358 202070

NGICELA WEDLULISELE LOMYALEZC OLANDELAYO KUMHLONISHWA
UNDUNAKULU Âç

ISIPHAKAMISO ESICHITSHELWE SE-COSATU/UDF NGEZITHUNYWA EZIYOBA
SENGOUNGQUTHELENI YABENGAMELI

1 e YILEYO NALEYONHLANGANO IYOTHUMELA ISIBALO ESINGEKHO
NGAPHANSI KWEZITHUNYWA EZIYISHUMI (10) ENGQUNGQUTHELENI.

e KEPHA YILEYO NALEYONHLANGANOG INOKUTHUMELA IZITHUNYWA
EZININGI NJENGOKUBONA KWAYO UKUTHI KUYOSIZA LOKHO
ENGQUNGQUTHELENI PHEZU KOMBANDELA WOKUBA ZINGABI NGAPHANSI
KWESHUMI (10).

3. LOKHU KUSHO UKUTHI INKATHA INGEZA NEZITHUNYWA EZININGI
NJENGOBA IBONA KUFANELE.

4. I-COSATU/UDF/ANC BANIKEZE ISIQINISEKO SOKUTHI IZITHONYWA
ZABO ZIYOBA NABANTU ABABALELWA ESHUMINI (10) INHLANGANO
IYINYE. - ,
KUSAYINDE: 00.D. DHLOMO 21 SEPTEMBER 1989.

ISIPHAKAMISO SOKUQALA, NXA NIKHUMBULA KAHLE, SASITHI INKATHA
I-UDF NE-COSATU BAYOTHUMELA IZITHUNYWA EZINHLANU INHLANGANO

IYINYE.../9

iÂ« P

IYINYE EMHLANGANWENI WABENGAMELI, NOKUTHI I-ANC IYOTHUMELA
IZITHUNYWA EZINHLANU . LESISIPHAKAMISO ESISHA SICHIBELA
LESOSIPHAKAMISO.

AMALUNGA OMGWAMANDA AYAZI UKUTHI INKATHA ISITHATHE ISINQUMO
SOKUTHI KASIKWAZI UKWEMUKELA UHLELO LWEZITHUNYWA EZINHLANU
NGENHLANGANO IYINYE. UNOBHALA-JIKELELE WAWEDLULISELA UMBONO
WETHU UKUTHI INKATHA IPHAKAMISA UKUTHI UMHLANGANO UHANJELWE
NGAMALUNGA ANGAMA-20 ENKATHA NANGAMA-20 E-COSATU/UDF /ANC .

OKWAKUGCIZELELWA LAPHA YIQINISO LOKUTHI BONA BAYINHLANGANO
EYODWA. KWAKUNGELONA UDABA LOKUBALA AMAKHANDA ABANTU-NJE.

KUYABONAKALA-KE UKUTHI KUZODINGEKA UKUBA SIPHINDE SILUBHEKE
LOLUDABA . EMHLANGANWENI ODLULE WOMGWAMANDA, NGABEKA IPHUZU
NGODABA LOKOUTH I-ANC, I-UDF, I-COSATU BAYINHLANGANISELA
YEZOMBUSAZWE EYODWA . UKUMELWA KWABO KUYIKUMELWA KWEQOQO
ELILCDWA . INKATHA IYIQQOQO ELILODWA NGAKHO KUFANELE KUBEKHONA
UHLELO LOMUNTU OYEDWA NGOMUNTU EMHLANGANWENI . KULOMYALEZO
WAKAMUVA OVELA XUDOKOTELA MJI NOMNU . ERWii-7\201\ KUSEKHONA
UKUGCIZELELA UKUTHI I-ANC, I-UDF NE-COSATU BAYIZINHLANGANO
EZEHLUKENEYO NGAKHO BANGAKHULUMA IMIQONDO YQBO EZIMELEYO .
NGABE LOMGWAMANDA UCABANGA UKUTHI KUNJALO NA. NXA KUNJALO
KUSHO UKUTHI LEZIZIPHARAMISO ZAKAMUVA KUFANELE SIZIBHEKE

NGENDLELA EYODWA . NXA KUNGENJALO, KUFANELE IZIPHAKAMISO
SIZIBHEKE NGENDLELA EHLUKILEYO.

NGISHO NOMA I-ANC, I-UDF NE-COSATU BANGATHUMELA IZITHUNYWA
EZINGAKHI EMHLANGANWENI FUTHI NGISHO NATHI SINGATHUMELA
IZITHUNYWA EZINGAKHI EMHLANGANWENI, KUNOMA YILUPHI UDABA
ABANGAVUMELANIYO NATHI KULO BASENOKUTHI BABESIDLULA
NGEZINHLANGANO EZINTATHU KWEYODWA, BASENOKUKUSHO UKUTHI LOKHOU
KUSHO IZIGIDI EZINGAKA EZINGAPHEZU KWAMALUNGA ETHUO AYI-1,7
MILLION . YINI NJE ENGUKUSEBENZELANA NGOKUTHEMBEKA
NOKUBONELELANA KOLESISIMO ? SINGABUYELA KANJANI EMBUSAZWENI
OSOBALA NJE OQONDILEYO NGQO . LENAâ\200\230*IMIBUZO UMGWAMANDA
OKUFANELE UYIBHEKE.

NINA NJENGAMALUNGA OMGWAMANDA NIHLALE NIBHEKENE NENSELELO

YOKWENZA IZINQUMO EZIMQOKA KAKHULU . SIWALINGANISA KANJANI
MANJE AMATHUBA OMHLANGANO PHAKATHI KWENKATHA NGASOHLANGOTHINI
OLULODWA NE-ANC, I-UDF NE-COSATU NGAKOLUNYE OUOHLANGATHI? KIMI
UBUNYE BABANTU ABAMNYAMA BUBALULEKE - KAKHULU NGAKHO
KUBALULEKILE UKUNGAZIKHUKHUMEZI NOKUZENZA NGCONO EMEHLWENI
ABANYE ABANTU EGAMENI LOBUNYE NGENKATHI UQHUBA LOBUBUNYE.

I-ANC IMATASATASA IZAMA UKUGUQULA ISITHOMBE SALOKHO EYIKHO.
INIKEZA UMHLABA ISIQINISEKO SOKUTHI SELOKHU KWATHI NHLO

BAFUNA.../10

BAFUNA UKUBONISANA . BANIKEZA UMHLABA ISIQINISEKO SOKUTHI
SELOKHU KWATHI NHLO BAFUNA UKUSUNGULA UMBUSO WENTANDO g
YABANTU ONAMAQEMBU AMANINGI . BAZAMA UKUNIKEZA UKUEHOLAKALA © ¤
ENTOKAZINI ENDALA ENOBUSC OBUSHA OBUPENDIWEYO NGAPHAMBI
KOKUBA IFINYELELE EKHONENI LESITALADI . YIQINISO UKUTHI
NGUMFANEKISO LONA, KEPHA FUTHI KUYIQINISO LEZOMBUSAZWE.

UKUTHI SIWULINGANISA KANJANI UMHLANGANO OHLONGOZIWEYO
NGUMBUZO OWODWA LOMGWAMANDA OKUFANELE UWUCABANGISISE NXA
UKUTHULA KUBALULEKILE KITHI, KUNGCONO KAKHULU YINI UKUQHUBA
UKUTHULA MANJE KULOMHLANGANO OHLONGOZWAYO NOMA KUNGCONO
KAKHULU NXA SINOKUNGABAZA NGOMPUMELA WOMHLANGANO UKUBA SITHI
HHOHHA, UKUOTHULA KUBALULEKE KAKHULU; KAKUFANELE SIKUFAKE
ENGOZINI NGOKWENZA LOKHO OKUZOKWEHLULEKA?

NJENGOBA NGISHO, AMATHUBA OKUPHUMELELA AYUDABA OLULODWA
OLUMQOKA . OLUNYE UDABA OLUMQOKA YUDABA LOKUFANELEKA KWE-
ANC/UDF/COSATU NJENGEQOQO ELITHUNGATHA NELIFUNA UKUTHULA .
NGADBE AMAZWI KATHABO MBEKI AYAKUQINISA YINI UKUFANELEKA KWE-
ANC NA? NOMA ASIKHOMBISA UKUTHI I-ANC IYIYO LE-ANC ESIYAZIYO
NOKUTHI OKUYIKUPHELA KOMEHLUKO MANJE YIKUTHI ISIPENDWE
NGOPENDE OMUSHA?

BAFOWETHU NODADEWETHU, NINGO-COMRADE BAMI EMZABALAZWENI .
KOVAMISILE UOKUBA NGIZIFUMANE NGINOMSEBENZI ODALA ISIZUNGU
WOKUMA KANCANE NGICABANGE EBUHOLINI BAMI. NGABE NGICABANGA
NGOKUYIKHO? NGABE SESIVELE SIBHAJWE ESIMENI LAPHO SIZOBEKWA
KHONA = NJENGABANTU OKUYIBONA ABALIMAZA ABATHUBA OKUTHULA
NGISHO NOMA SIKHULUMA IQINISO ELIPHELELEYO UKUTHI IQOQO
LEZINHLANGANO EZINTATHU I-ANC/UDF /COSATU KADANAKHO
UKUFANELEKA NJENGEQOQO ELITHUNGATHA UKUTHULA NOKUTHI NGISHO
NOMA NGABE SIKHULUMA IQINISO ELIPHELELEYO UKUTHI LOKHU
KUYIQUBU ELIDALA LOKULWA " NENKATHA ESELIFIHLWE
NGOKWEMBATHISWA INGUBO ENTSHA? NGIFUNA UKWETHULA INCWAJANA
ESAYINDWE NGUMNU. ALEC ERWIN NODOKOTELA D. MJI. BAXHUME KUYO
UMBHALO ONESIHLOKO ESITHI ~"IZINGXOXO ZE- COSATU/UQwi}i~\201i~\201ATHA
ZOKUTHULA -~ UHOLO OLUQONDISWE KUMA- COMRADE'fY UTHINI
LOMBHALO ? NGICELA UKUNICAPHUNELA WONA WONKE UKUZE NIKUQONDE

[.OKHO UMNULO . ERWIN NODOKOTELA MJI. ABAKUPHENDULAYO. UFUNDEKA
KANJE

IZINGXOXO ZE-COSATU/UDF/INKATHA ZOKUTHULA

UHOLO OLUQONDISWE KUMA-COMRADES

IZINGXOXO.../11

it

IZINGXO0OXO0 ZOKUTHULA PHAKATHI KWEMIHLATHI YENTANDO
YOKUTHULA NOMBUTHO WENKATHA OLWA NOGUQUKO ZINETHUBA
LOKUPHINDA FUTHI ZIQINISE UBAMBISWANO LWE-COSATU/UDF
NJENGOMHLATHI OPHAMBILI ENATALI . 'NGENXA YOKUBHALA
KWEZINHLELO ZOKUSAKAZA IZINDABA NGALEZIZINGXOXO
OKWENZIWA NGABATHILE ABAPHARKATHI KWEZINHLELO ZOKUSAKAZA
IZINDABA, KUNOMBONO ODALEKILEYO IKAKHULUKAZI PHAKATHI
KWENTSHA ENGAMA-COMRADES WOKUTHI I-COSATU/UDF SEBEDAYISE
NGABO FUTHI BAPHOQELELWA UKUBA BANGENE EZINGXOXWENI
ZOKUTHULA . KUYIQINISO FUTHI UKUTHI UBUTHELEZI UZAMA
NGAKHOKONKE OKUSEMANDLENI AKHE UKUDALA ISITHOMBE SOKUTHI
NGUYE OWASUNGULA LEZIZINGXOXO NGENHLOSO YOKUBA AFUMANE
LONKE UDUMO EMEHLWENI OMPHAKATHI . KULOKHU ULEKELELWA
YINHLANGANO YOBANDLULO LWEZINHLANGA YOMSAKAZO
WASENNGIZIMU NE-AFRIKA I-SABC IKAKHULUKAZI EZINHLELWENI
ZAYO ZE-TELEVISION . UBUTHELEZI UYAQHUBEKA FUTHI
NOKUZAMA, NGENXA YETHUBA ALINIKEZWA YIZINHLELO
ZOKUSAKAZA IZINDABA, UKUKHULUMA EDLULE EZINGXOXWENI
ZOKUTHULA ENATALI ENZE SENGATHI NGUYE KUPHELA OKWAZI

UKUHLANGANISA ABANTU ABAMNYAMA ENINGIZIMU NE-AFRIKA
NAKHO LOKHU SEKUCASULE AMA-COMRADE ATHI KAKUSEKUDE

UKUBA APHOQELEKE UKUBAR ALAWULWE YINKATHA NOBUTHELEZI
UQOBO. e

NJENGOBA IZINGXOXO ZOKUTHOULA ZIQHUBEKA NGEJUBANE
ELIKHUOLU KANGAKA LESISIMO KUFANELE SILUNGISHWE
NGOKUSHESHA UKUZE UMBUTHO UZUZE KAKHULU NGASO.

NJENGESINYATHELO SOKUQALA KUBALULEKILE IZINGXOXO
ZOKUTHULA ESIMENI LAPHO ZIZOBONAKALA KHONA NGOKUYIKHO .
KUFANELE KUGCIZELELWE UKUTHI IZINGXOXO ZINGENYE NJE
INDLELA YOKUTHATHA AMANDLA KAKUKWAZI UKUBA KUNGALINDELWA
UKUBA AMA-COMRADE AYIQONDE LENDLELA ENTSHA YOMHLABA
YOKUTSHEKELA NGASEKUTHULENI YINGAKHO LEZIZINGXOXO
KUFANELE ZICHAZWE NGAMAZWI ALULA NGOKUNGENZEKA RKUFANELE
ATSHENWE AMA-COMRADE UKUTHI UBAMBISWANO LWE-UDF/COSATU
SELUWABONILE AMAXOXO NJENGEQHINGA ELINAMANDLA KAKHULU
FUTHI KULOKHU LUSEKELWA NGUMBUTHO WETHU. LOLU NGOLUNYE
NJE UHLOBO LOKUHLASELA INKATHA . NXA ISIMO SIKUDINGA
LOKHO, KUNGASHIWO FUTHI UKUTHI NGISHO NAMARASHIYA
AYAZISEKELA LEZIZINYATHELO.

EZINGENI LOQUQABA KUFANELE KUTHATHWE LEZIZINYATHELO
EZILANDELAYO : ' !

~UMKHOSI.../12

Ll g

UMKHOSI OHLANTSHWA NGUBUTHELEZI WOKUTHI AMALUNGA
ENKATHA KUFANELE ADEDELWE ABUYELE EMAKHAYR AWO
KUFANELE KUBANJELELWE KOUWO . NGISHO NGABE AMAKHAYA
ABO ESENDAWENI EBUSWA YI-COSATU/UDF . KUFANELE
KUKHUNJULWE UKUTHI ININGI LOPHAKIMPI -~ (WARLORDS)
BENKATHA SEBADLIWA YIKUNQOBA KWAMA-COMRADE .
LAMALUNGA ENKATHA ABUYELA EMAKHAYA NGEKE ABE NABAHOLI
NGAKHO AYOKA NGUKUDLA KWETHU.

AMACOMRADE KUFANELE ADALE UBUNGANE NAMALUNGA ENKATHA
ELOKISHINI LAWO NINGAYISEBENZISI INDLUZULA.

NCEMUVA KWESIKHASHANA LAMALUNGA ENKATHA KUFANELE
AMENYELWE EMIHLANGANWENI . KULEMIHLANGANO KUFANELE
KUXOXWE NGEZINKINGA EZIKHUNGETHE ZONKE IZINHLANGOTHI
UKXUKHOMBISA UKUTHI BONKE ABANTUO ABAMNYAMA
BANEZINKINGA EZIFANAYO. KUFANELE KUXOXWE
NGAMAKHAMBANI .

OINISEKANI NGAZOZONKE IZIKHATHI UKUTHI YICOMRADE
ELISESIHLALWENI UKUZE LIQONDISE LEMIHLANGANO
NGENDLELA EFANELEYO.

NXA AMALUNGA ENKATHA ENGAFUNI UKUZA EMIHLANGANWENI

EXUQALENI NINGAYISEBENZISI INDLUZULA NGESIKHATHI
ESITHILE ABANYE BABO, NGISHO NOYEDWA, BAYOKUZA NGOBA
SIDALE UBUNGANE NABO NOMA BENOVALO LOKUTHI SIZOBUYE
SISEBENZISE INDLUZULA FUTHI.

LELISU LIYOBA NOMPHUMELA WOKUBA AMALUNGA ENKATHA
AKHULUME WODWA NGOMOYRA WETHU OMUSHA OWAKHAYO
NGALEYONDLELA SIYOBUNYUNDELA UBUNYE NAMANDLA AWO .
AZOKWANDA AMALUNGA ENKATHA AHAMBELA IMIHLANGANO
YAMACOMRADES.

NXA IMIHLANGANO YOKUQALA NAMALUNGA ENKATHA IBANJWE
NGEMPUMELELO, KUFANELE SIQHELE EZINKINGENI
EZIKHUNGETHE ZONKE IZINHLANGOTHI SIQALE UKUKHOMBISA

UMEHLUKO PHAKATHI KWE-UDF/COSATU NE-NKATHA. (BHEKA
IMIBHALO ENANYATHISELWE LAPHA) . INKATHA IYOBE
ISIBONA UKUTHI I-UDF/COSATU NOMRKHONTO WESIZWE
BAYISIKHALI ESINAMANDLA AMAKHULU SOKULWA
NOBANDLULULO.

KULESISIKHATHI KUFANELE KUKHONJISWE FUTHI UKUTHI
UBUTHELEZI NENKATHA YAKHE BADALA UQEKEKO KUPHELA
KUBANTU NOKUTHI EQINISWENI USEBENZA NOMBUSO .
UBUTHELEZI KUFANELE AKHONJISWE NJENGOMUNTU OLAMBELE
AMANDLA NOMUNTU ODAYISA NGABANTU BARUBO UKUZE AZDRZE
UDUMO.

NGOKUHAMBA..../13

NGOKUHAMBA KWESIKHATHI KUFANELE KUSETSHENZISWE ABANTU
ABAFANELEYO UKUKHOMBISA LELIPHUZU NOKUBHIDLIZA
ISISEKELO SAMANDLA KABUTHELEZI.

NXA AMALUNGA ATHILE ENKATHA ENGAWEMUKELI UMOYA WETHU
WOBUNGANI, KUFANELE KUSETSHENZISWE INDLUZULA
EZOKHETHA WONA WODWA . UKUZE IQHINGA LETHU
LIPHUMELELE LEZIZENZO KUFANELE ZIQONDISWE KUPHELA
KULABO ABANGABAMBISANI NATHI NGOBA LOKHU KUYOKHUTHAZA
LABO ABASILALELAYO UKUBA BABAMBISANE NATHI
NGOKUGCWELEYO.

AMACOMRADE KUFANELE AHLALE EQAPHELE IZIMPIMPI
NEZINHLOLI ZOMBUSO NGAZOZONKE IZIKHATHI . AMANYE
AMACOMRADE ASEZINGENI ELIPHEZULU ASANDA KUNYAMALALA.
OKUYIKUPHELA KWENDLELA YOKUVIMBELA LOKHU UKUBA
KWENZEKE YIKUBA SIHLALE SIBHEKENE. NXA KUKHONA INTO
ESOLISAYO EYENZEKAYO NOMA ICOMRADE LICABANGA UKUTHI
LIYALANDELWA KUFANELE KUTHATHWE IZINYATHELO EZITHILE.
LOKHU KUZOKWEDLULISELWA NGOMLOMO.

OKOKUGCINA, UKUKHUTHAZA UKUZIMISELA KWAMACOMRADE
ETHUO, KUFANELE KUSHIWO UKUTHI KUYIQINISO UKUTHI
UBAMBISWANO LWE-UDF/COSATUO SELUYANQOBA UBUTHELEZI
NENKATHA . SESTYAMLAHLEKELA ISISEKELO SAMANDLA AKHE
NGISHO NABANYE ABASEKELI BAKHE BESIKHATHI ESIDE
SEBEBUYELA NGASOHLANGOTHINI LWETHU . KUZOBUYE
KUNIKEZWE OLUNYE ULWAZI NGALOKHU KAMUVA.

IVELA ENYUVESI YASENATALI EMGUNGUNDLOVU.

OKOKUQALA NJE NGINOBUNZIMA. LOMBHALO USHO INTO EFANAYO KEPHA
KAWUBHALIWE NGENDLELA EFANAYO NOMBHALO ENGINAWO . NXA
LOMBHALO WABHALWA YILUNGA ELILODWA LE-UDF NOMA YI-COSATU
NGABE WAWUYOBHALWA NGOMSHINI NGEZINDLELA EZIMBILI
EZEHLUKENEYO NANGEZIMO EZIMBILI EZEHLUKENEYO NA .7
NGINOBUNZIMA BESIBILI . LOMBHALO EQINISWENI UQINISA LOKHO
UMNU . THABO MBEKI NJENGOMKHULUMELI WE-ANC NGOKOMTHETHO ATHI
KUNGUMOYA WE-ANC . NGUBANI ENGIFANELE UKUMKHOLWA - UMNO.
ERWIN NO DOKOTELA MJI NOMA UMNU . MBEKI = NGABE ISISINDO
ESTPHELELEYO SOMLANDO SIWELA NGAKULUPHI UHLANGOTHI NA?

UBUNZIMA BESITHATHU ENGINABO YIKUTHI NGENKATHI SIMATASATASA
SIBONISANA NABO, NANGENKATHI SICABANGA UKUTHI SIMATASATASA
SIZINIKELA EKUQONDANISENI LOKHO SONKE ESIKWENZAYO
EMZABALAZWENI WENKULULEKO, BONA DBAQHUBEKA NOKUMASHA KOQUQABA
ABASISHIYA KUKHO NGAPHANDLE NGAMABOMU NGENDLELA ESIBEKA

NJENGABANTU..../14

g [W

NJENGABANTU ABASONGE IZANDLA, NGENKATHI KUSHISWA UMZABALAZO.
SIZWA NGEMIKHANKASO YABATHENGI YOKUDUBA AMABHIBINISI
ABAMHLOPHE, EZOKWENZIWA YI-COSATU, ESINGATSHENWA LUTHO NGAYO.
NXA SINGAHLANGANYELI KULEYOMIKHANKASO YOKUDUBA SIZOBE
SESIBEKWA, NJENGOBA KUHLALE KWENZIWA, NJENGABANTU OKUYIBONA
ABABHIDLIZA UMZABALAZO WENKULULEKO . 41IPHI IZIMPAWU
EZINGUBUFAKAZI BOKUFANELEKA KWALABO ESIBAMBISENE NABO
EZINYATHELWENI ZOKUTHULA ESIZINIKELE KUZO EMAXOXWENI
ESESIBENAWC NOBAMBISWANO LWE-UDF/COSATU, NGESIBUSISO
SEZITHUNYWA ZE-ANC EZISEKUDINGISWENI NA?

NGINOBUKUNYE UBUNZIMA LOBO NGOBOKUTHI NGIFUNA UKUTHULA, NGIFUNA
UMBUSAZWE WOKUBONISANA FUTHI NGIFUNA UKUBA WONKE AMAQOQO
EZOMBUSAZWE ABEKHONA ENKUNDLENI YOKUBONISANA. UBUNZIMA BAMI
NGCBOKUTHI KANGIFUNI UKUCHITHA IZINYATHELO ZOKUTHUOLA .
KANGIFUNI NEZE UKUZICHITHA NGANOMA YISILIEPHY ISIZATHU
SOMBUSAZWE WAMAQEMBU . NGEKE KUZILEKELELE IZIDINGC ZENKATHA
UKUZICHITHA.

KUNINGI ESINGAKUZUZA NGESINYATHELO SOKUTHULA ESIYOHLALA
ISIKHATHI ESIDE NGEMPELA . NGAKHO KAKUNAMQONDO NAKANCANE
UKUBA NGITHELE ITHEMBA NGAMANZI AQANDAYO . NGIYAZI UKUTHI
UMBUSAZWE WOKUBONISANA UZOQINISA UKWEMUKELEKA KOKUPHIKISWA
KOBANDLULULO NGABAMNYAMA EMTHETHWENI . UKUBONISANA NGEKE

KUMQOBELE MUNTU ONGENAKHO UKUSEKELWA YUQOQABA . MINA
NGINGASOHLANGOTHINI LWABANTU, UHLANGOTHI LWABACINDEZELWEYO
FUTHI NGILAPHO NJENGOMUNTU OSEPHIKISENE NOBANDLULULO YONKE
IMPILO YAKHE. NGIFUNA ABAFOWETHU ABAMNYAMA UKUBA BABENAMI.

NGINOBUNZIMA BOKUTHI NGIZABALAZELA UMBUSO WENTANDO YABANTU
ONAMAQEMBU AMANINGI NGEMPELA. NGIZABALAZELA ILUNGelo LE-ANC,
I-PAC NANOMA NGUBANI OMUNYE UKUBA AYE KUBANTU AZAME
UKUBABONISA UKUBA BAMVOTELE . YILOKHO ENGIKUZABALAZELAYO.
NGIZABALAZELA UKUBA KUBEKHONA IQEMBU ELIPHIKISAYO KUHULUMENI.
NGIZABALAZELA UKUSUNGULA UMBUSAZWE WOKUBONISANA LAPHO WONKE
AMAQEMBU EYOBakhona EKUBONISANENI.

NGINOBUNZIMA OBUBILI OKUNGQUBUZANAYO . UBUNZIMA BOKUQALA
NGUBUNZIMA BOXUQHUBEKA NOKUXOXA NOKUTHULA NALABO ABANTULA
UBUFAKAZI BOKUFANELEKA NJENGABANTU BOKUDALA UKUTHULA .
NGAKOLUNYE UHLANGOTHI, NGINOBUNZIMA BOKUSEBENZELA UMBUSO
WENTANDO YABANTU ONAMAQEMBU AMANINGI NOKUFUNA IQEMBU
ELIPHIKISAYO LEZOMBUSAZWE ELIZOHLALA NAMI NGAKOLUNYE
UHLANGOTHI LWESIGCAWU SOKUBONISANA. ;

BO COMRADE, NGENXA YOKUBA NGINALOBU BUNZIMA LOKHO KUKWENZA

KUBALULEKE KAKHULU KIMI UKUBA UMGWAMANDA UNQUME OKOKUGCINA
NGALOLUDABA. LESI YISIMO LAPHO UMGWAMANDA KUFANELE UTHATHE

KHONA.../15

KHONA ISINQUMO NGEMPELA . NGIYONYAMEZELELA NOMA YISIPHI
ISINQUMO ENISITHATHAYO. NGILINDELE UKUBA YILOWO NALOWO KINI
NISUKUME NICABANGE NEMIZWA ENIFIKELAYO INIFIKELE NIMI
NGEZINYAWO NGENKATHI NIKHULUMA NGALENKINGA.

NGENXA YOKUBA IMPIKISWANO IYINTO EMQOKA KANGAKA, KANGAZI NOMA
KUFANELE NGICELE UNOBHALA ~-JIKELELE UMHLONISHWA UDOKOTELA
DHLOMO NOSIHLALO WOMHLAHLANDLELA UMHLONISHWA UDOKOTELA
MDLALOSE URUBA BAMELE UHLANGOTHI OLUNGALE BETHULE
EMGWAMANDENI ZONKE IZIZATHU EZ INOKUBAKHONA ZOKUBA SEMUKELE
LESISIPHAKAMISO SAKAMUVA ESIQONDENE NOMHLANGANO
OHLANGANYELWEYO OHLONGOZWAYO . YIBO ABEBESIMELE . BENZE
UMSEBENZI ONCOMEKAYO . YIBONA ABAZI IMIZWA YABANTO
ABEBESEBENZELANA NABO NGAKHO MANJE NGOBUHLAKANI
ASERBEBUBUTHILE, BANGASE BASILEKELELE KANGCONO UKUBA SIKWAZI

UKUBHEKA IZINHLANGOTHI EZIVUMELANA NEZIPHIKISANA

NALESISIPHAKAMISO.

BO COMRADE, UKUXOXA KWETHU MANJE KUZOBALULEKA KAKHULU

EKUSASENI LENKATHA.